GAUTENG DEPARTMENT OF EDUCATION

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION

POSSIBLE ANSWERS FOR : ISIZULU ULIMI LOKUQALA IZINGA ELIPHEZULU (Iphepha lesithathu)

1. UHLAKA LOKUMAKA INDABA

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle Kakhulu | Kuhle | Kusezingeni Eliphansi | Isamba |
|---|---|---|---|---|
| 1. **ISAKHIWO [10]** | | | | |
| (i) Isingeniso [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (ii) Umzimba [3] | 3 | 2 | 1 | |
| (iii) Isiphetho [1] | 2 | 1 | 0 | |
| (iv) Ukuthelelana kwezigaba [4] | 3-4 | 2-3 | 0-1 | |
| 2. **OKUQUKETHWE [15]** | 11-15 | 6-9 | 2-5 | |
| 3. **ULIMI [10]** | 8-10 | 5-7 | 2-4 | |
| 4. **ISITAYELA [5]** | 5 | 3-4 | 1-2 | |
| **ISAMBA SAMAMAKI** | [40] | [27] | [13] | |

2.1 UHLAKA LOKUMAKA INCWADI YAKOMKHULU / YASEMTHETHWENI

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle Kakhulu | Kuhle | Kusezingeni Eliphansi | Isamba |
|---|---|---|---|---|
| 1. **ISAKHIWO [10]** | | | | |
| (i) Ikheli Lokuqala [2] | 2 | 2 | 0 | |
| (ii) Ikheli Lesibili [2] | 2 | 2 | 0 | |
| (iii) Isivaleliso [2] | 2 | 2 | 0 | |
| (iv) Izigaba | 4 | 3 | 1 | |
| 2. **OKUQUKETHWE [6]** | 4-6 | 2-4 | 1-2 | |
| 3. **ULIMI [4]** | 4 | 3 | 1 | |
| **ISAMBA SAMAMAKI** | [20] | [16] | [4] | |

2.2 UHLAKA LOKUMAKA INCWADI YOBUNGANE / YOBUHLOBO

| | Inkomba Yokufeziwe | Kuhle Kakhulu | Kuhle | Kusezingeni Eliphansi | Isamba |
|---|---|---|---|---|---|
| 1. | **ISAKHIWO [9]** | | | | |
| (i) | Ikheli [4] | 4 | 3 | 1 | |
| (ii) | Isivaleliso [2] | 2 | 2 | 0 | |
| (iii) | Inani Lamagama [3] | 3 | 2 | 1 | |
| 2. | **OKUQUKETHWE [6]** | 5-6 | 3-4 | 1-2 | |
| 3. | **ULIMI [5]** | 3-5 | 2-3 | 1-2 | |
| | **ISAMBA SAMAMAKI** | [20] | [14] | [6] | |

3.1 UHLAKA LOKUMAKA AMAMINITHI OMHLANGANO

| | Inkomba Yokufeziwe | Kuhle Kakhulu | Kuhle | Kusezingeni Eliphansi | Isamba |
|---|---|---|---|---|---|
| 1. | **ISAKHIWO [11]** | | | | |
| (i) | Igama Lenhlangano [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (ii) | Uhlobo lomhlangano [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (iii) | Usuku, Isikhathi, Indawo [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (iv) | Ukuvula [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (v) | Ababekhona/Abaxolisile [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (vi) | Izihlokwana Ezidingidiwe [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (vii) | Eziphonselwe [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (viii) | Inani Lamagama [4] | 4 | 3 | 1 | |
| 2. | **OKUQUKETHWE [4]** | 4 | 3 | 1 | |
| 3. | **ULIMI [5]** | 5 | 3 | 2 | |
| | **ISAMBA SAMAMAKI** | [20] | [16] | [4] | |

3.2 UHLAKA LOKUMAKA IMEMORANDAMU

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle Kakhulu | Kuhle | Kusezingeni Eliphansi | Isamba |
|---|---|---|---|---|
| 1. **ISAKHIWO [9]** | | | | |
| (i) Igama Lenhlangano [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (ii) Ivela ku ... [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (iii) Iya ku ... [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (iv) Usuku [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (v) Isihloko Sememorandamu [1] | 1 | 1 | 0 | |
| (vi) Inani Lamagama [4] | 4 | 3 | 1 | |
| 2. **OKUQUKETHWE [6]** | 4-6 | 3-4 | 1-2 | |
| 3. **ULIMI [15]** | 3-5 | 2-3 | 1-2 | |
| **ISAMBA SAMAMAKI** | [20] | [15] | [5] | |

3.3 UHLAKA LOKUMAKA UMLANDO KAMUFI

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle Kakhulu | Kuhle | Kusezingeni Eliphansi | Isamba |
|---|---|---|---|---|
| 1. **ISAKHIWO [7]** | | | | |
| Inani Lamagama [7] | 4-7 | 3-5 | 1-2 | |
| 2. **OKUQUKETHWE [7]** | 6-8 | 4-5 | 1-3 | |
| 3. **ULIMI [5]** | 3-5 | 2-3 | 1-2 | |
| **ISAMBA SAMAMAKI** | [20] | [13] | [7] | |

4.1 UHLAKA LOKUMAKA iCV NESIKHANGISI

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle Kakhulu | Kuhle | Kusezingeni Eliphansi | Isamba |
|---|---|---|---|---|
| 1. **ISAKHIWO [3]** | 3 | 2 | 1 | |
| 2. **OKUQUKETHWE [5]** | 5 | 3 | 2 | |
| 3. **ULIMI [2]** | 2 | 2 | 0 | |
| **ISAMBA SAMAMAKI** | [10] | [7] | [3] | |

## ISIQEPHU C

## UMBUZO 5

## UBUCIKO BOMLOMO

5.1

5.1.1 Ubuciko bomlomo yinkulumo enobuchwepheshe noma eyingxoxo eyedluliselwa ezizukulwaneni ngezizukulwane (2)

5.1.2 (a) Ziqeda isizungu futhi zinesasasa (1)

(b) Zikhaliphisa izingqondo zezingane (1)

5.1.3 Inganekwane yingxoxo emfishane edingida izehlakalo ezithile ezithinta abalingiswa engxoxweni (2)

5.1.4 Yebo, yinganeko (1)

(a) Ikhuluma ngokudabuka kwezinto (1)

(b) Ithinta inkolo (1)

(c) Ibuye ikhulume ngoMvelinqangi kanye nabantu bakhe. (1)

5.1.5 (a) Sithola injulalwazi noma ifilosofi kaZulu wakuthangi. (1)

(b) Sifuna nokwazi ukuthi abantu babecabangani ngomhlaba abawakhele. (1)

(c) Sifuna nokwazi ukuthi izinto ezazenzeka kubo nasezizukulwaneni zabo babezihumusha kanjani. (1)

5.1.6 Kusihlwa/ebusuku (1)
Kwakukhuthazwa izingane ukuba zisheshe ziwuphothule umsebenzi wosuku, nokuthi ziqoqelwe ndawonye zingabi uvanzi (2)

5.1.7 Yinganekwane ethinta umlando. Ivame ukuxoxa ngezimpi, ngofuduko nokuxabana. (2)

5.1.8 Wobani Labayana (1)
UNdendezana (1)

5.1.9 Uma ukhuleka emzini (1)
Uma kulotsholwa/kulotsholiswa (1)
Uma kwenziwa umsebenzi wamadlozi kukhulunywa nabaphansi (1)
(Nokunye okungavela)

5.1.10 (a) Ukuyala (1)

(b) Ukusongela (1)

(c) Ukukhuthaza (1)

(d) Ukweneka isimo esithile (1)

5.1.11 (a) Isisho kasiwethuli amaqiniso angephikiswe, isaga sethula amaqiniso angephikiswe (1)

(b) Isaga siwumusho ophelele, isisho kasiwona umusho ophelele. (1)

5.1.12 Isithakazelo yigama likakhokho othile ohlotsheni lolo (1)
[30]

NOMA

5.2 INJA NEKATI

5.2.1 Isakhiwo:

Le nganekwane iqala ngokuthi "kwasukela", kuthi abalalele bathi 'Cosu'. Lapha sithola inja nekati ezazizwana zingamathe nolimi. Umnumzane owayezifuyile lezi zilwane wayengaziphethe ngokufana inja yayibandlululwa, ingavunyelwe ngisho ukungena endlini, kanti ikati lona lalize ligibele ngisho embhedeni. Isimo siphazamiseka ngenkathi inja ibhala incwadi ibhalela umnumzane. Le ncwadi yanikezwa ikati ukuba liyihambise kumnumzane. Nempela ikati lenza njalo. Ngelishwa-ke, intombazane ephekayo iyilahle incwadi kanti inja izoyibona incwadi ilahlwe ezaleni. Yayobuza ikati isithukuthele kabi. Kwaqala lapho-ke ukungezwani phakathi kwenja nekati. Le nganekwane iphetha ngokuthi "Cosi, Cosi, iyaphela." (10)

5.2.2 Abalingiswa:

Kule nganekwane sithola abalingiswa abayizilwane – inja nekati. Lezi zilwane ziyakhuluma futhi zenzisa okwabantu. Isib. Inja ibhala incwadi, ikati lihlala etafuleni uma kudliwa, ziyakhuluma, ziyacebisana njll. (10)

5.2.3 Indikimba:

Indikimba ingathi: Ubolalela ngaphambi kokuba ulwe. Inja kwakumele ilalele ikati lichaze ukuthi liyihambisile incwadi noma cha. Enye indikimba ingathi "ubothembeka uma uthunyiwe" Ikati kwakufale-libuye lizosho enjeni ukuthi incwadi ayifikanga kumnumzane. (10)
[30]

IZINDABA EZIMFUSHANE NAMA - ESEYI UMLABALABO –O.E.H.M. NXUMALO

6.1 Isiqeshana A

6.1.1 Ubungani (2)

6.1.2 Umuntu ogebele engozini oweswele abamelulekayo (2)

6.1.3 Yingoba busho okungaphezulu kokukodwa (2)

6.1.4 Ubungani buthambe njengomzimba wengane. Ingane inhle, intsha, ayinacala, ithembekile, iyaxola, iyapha (4)

6.1.5 Ukuxhumana kwemimoya, ukusebenza ndawonye, umsebenzi abazenzela wona bengawashwe muntu, ukusizana uma omunye ehluphekile, ukuvikelana ezikhathini ezimbi. (3)

6.1.6 Kungena abantu abazoxova kulobo bungani ngoba benomona, futhi bekujwayele ukuxova. Baxova ngoba nabo ubungani buwavula amasango okuba buxoveke. (2)
[15]

Isiqeshana B:

6.1.7 Ukhumbule uThembisile (2)

6.1.8 Seluphelile uthando (2)

6.1.9 Ukubhekisisa ngokumangala, ungacwayizi/ukuvula amehlo kakhulu, athukile (1)

6.1.10 Unothando lukaThembisile oluvutha bhe; ufuna ukushada uThembisile (2)

6.1.11 Uhlukana noNomkhosi; ushayela ucingo kubo kaThembisile, uvakashela uThembisile. (3)

6.1.12 Ungamethembi umuntu wesilisa kwezothando; umuntu wesilisa akathembekile kwezothando. Bambelela kulokhu onakho, ungaze ulahlekelwe yikho konke. Uma umuntu umthanda, shesha umazise angaze athathwe abanye. Okukodwa kulokhu. (2)

6.1.13 Besilindele ukuthi uNdumiso njengoba eshayela uThembisile ucingo bazokhuluma ngezothando, kanti-ke akubanga njalo. Udumele kakhulu uNdumiso uma ezwa ukuthi uThembisile uyashada, emva kokulahla uNomkhosi. (3)
[15]
[30]